

# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

25/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Jubilate, ngomhla ka 25. 04. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

**Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-2 Kor. 5:17, lithi: "Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvelé okusha."**

1. Iculo 165/14

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mnimandla onke, ophakade, omisile isivumelwano esisha sokubuyisana ngesimangaliso esenzekile ngokuvuka kweNdodana yakho, siyacela ukuba ubabele abazelwe ngokusha ukuba enhlanganweni yomzimba kaKristu bafakazele ukuphila kwabo ngokuvuma ukukholwa kwabo, mawusizwe ngenxa kaJesu Kristu, iNkosi yethu ophilayo, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, uNkulunkulu oyedwa manje naphakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuGen. 1:1-4. 26-31a; 2:1-4a;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 Johane 5:1-4;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuJohane 16:16-23a.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 177/166

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 15:1-8, lithi: "Mina ngingumvini owonawona, uBaba ungumlimi. Yilelo nalelogatsha elikimi, elingatheli izithelo, uyalisusa. Yilelo nalelo elithela izithelo uyalihlunga ukuba lithele kakhulu. Nina senihlanzekile ngezwi engilikhulumé kinina. Hlalani kimi, nami kini. Njengalokhu igatsha lingethele izithelo ngokwalo, kuphela uma lihlala emvini, kunjalo nani, kuphela uma nihlala kimi. Mina ngingumvini, nina ningamagatsha; ohlala kimi, nami kuye, lowo uthela izithelo eziningi; ngokuba ngaphandle kwami ningenze-lutho. Uma umuntu engahlali kimi, ulahlwa ngaphandle njengegatsha abune; bawabuthe, bawaphonse emlilweni, ashe. Uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini,

niyakucela enikuthandayo, nikwenzelwe. UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe-ngabafundi bami." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bangane enithandekayo beNkosi noMsindisi uJesu Kristu, uyaphila, uvukile kahle! + Haleluja! Akasiye umufi, kodwa unguMthombo nobuphakathi bokuphila. Iliba lakhe lalingaphumeleli ukumbamba, kodwa lamnika indlela yena onguMgqobi wokufa, wavuka ekufeni ngosuku lwesithathu. Wahlaliswa ebukhosini ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uyaphila, uyabusa ngamandla onke ezulwini nasemhlabeni. Ukufa, nobubi bonke, noSathane babengaphumeleli ukumvimba, wafohla amasango okufa, neliba, wasihlenga kukho konke okubi ngokungqoba ngengqobo eyiyo impela engapheli kuze kube phakade. Akusilo iphupho, noma umcabango nje. Kwenzekile impela, kungokweqiniso elinganyakazeki. Makubongwe ukuvuka kwakhe oyiNkosi noNkulunkulu wethu, uJesu Kristu ophilayo impela enguNkulunkulu oyedwa kanye noYise noMoya oNgcwele. Akusibo oNkulunkulu abathathu, kunguNkulunkulu oyedwa ophezu kwabo bonke, naphezu kwakho konke. Akukho ophezu kwakhe, noma okuphezu kwakhe, unguye owasifela esiphambanweni, unguMbusi wamandla onke, neNkosi yabo bonke. Makadunyiswe, nokuhlonishwa kuze kube phakade.

UJesu uyiNkosi ezifanekisa nesihlahla somwini owona-wona, engokuqala nomthombo wokuphiela, enguMdali wezulu nomhlaba, wakho konke okubonakalayo, nokungabonakaliyo. Konke, lokhu nalokhu kuvelile kuye, ngaye, nangenxa yakhe. "UNkulunkulu waphefumulela emakhaleni omuntu umoya wokuphila; umuntu waba-kanjalo umphefumulo ophilayo." Kungamandla okuphila kukaNkulunkulu akwenza ukuba izinhliziyi zethu zenze ukuba igazi lihambe emithanjeni emzimbeni, izitho emzimbeni, njengenhliziyi, isibindi, amaphaphu, izinso, izandla, izinyawo, imilenze, ulimi, nezinye zisebenze kahle, siphile kahle ngokwentando yakhe yothando, nomusa wakhe. Usenzile ukuba sibe izidalwa eziphilayo, zibe ngabantu, izidalwa ezidaliwe kahle nguMdali oyedwa lowo. Ngokwempela ngokuhlanganiswa naye, nokuphiwa igazi eliphilayo nguye, eliyigazi eligobhozayo emithanjeni emzimbeni wethu singabaphilayo. Uma sihlukaniswa naye, sizosinya nje kuphela. Sifanekiswa nezimbali ezinhle zasehlane, noma utshani, uma umoya udlula phezu kwazo, besezinyamalala, aziyikubonakala nobuhle bazo, azisayikukhahlela njengaphambili, zizolahlwa kuphela. Kuyakwenzeka ngamagatsha onke esihlahla somwini, uma enqunywa esihlahleni somvini. Uma eswela inkovu yesihlahla, azobuna masinyane, alahlwe, ashiswe, asayikuthela izithelo, engasasizi lutho. Uma igatsha lihlala lihlanganisiwe nesihlahla, lizothela izithelo ezimnandi, eziyisipho sasezulwini esithokozisayo ngokwenhloso kaNkulunkulu.

INkosi yethu ithi: Sihlanganisiwe nayo, njengamagatsha aphilayo, sihlanganisiwe nayo ngumvini owonawona. Lokhu akuveli kithi ngokuzilungisela okuthile, kodwa sikulungiselwe yiyo iNkosi yethu, kuyisisekelo esiqinileyo esisekela ukuphila kwethu, Yonke okwenzayo ukuba siphile kahle. Makubongwe onguMdali wethu onomusa nobumnene. Ngakho kuyabonakala nokunye okukhulu. Ngakho sibonga izwi lakhe elingcwele, nombhaphathizo esihlanganisiwe ngawo naye. Kanti izwi lakhe lenza elikuthunyelwe. Lisambulele induduzo enkulu, ngokuzifakazela ukuthi ungumvini owonawona, nokuthi thina singamagatsha kuwo. Kuqinisile, noma singaboni okuningi kobuhle lobu ekuphileni kwethu. Yikho esikulungiselwe nguye, njengalokhu esho ukuthi kuyizwi lakhe eliyiqiniso. Uthembekile, uyagcwalisa akuthembisile. Kungokwenzeka impela ekuphileni kwethu. Uyakuqinisa ezinhliziyweni zethu ngokusikhumbuza njalo ukuthi sibhaphathiziwe. Embhaphathizweni sihlanganisiwe naye nomsebenzi wakhe wonke ngokwentando yomusa wakhe, yothando nenhloso yakhe ukuba asisize. Bheka, embhaphathizweni ongqwele sibhaphathizelwe kukho ukufa kwakhe, naselibeni, nasesiphambanweni. Kanjalo-ke isono sethu, kanye nokuswela ukukholwa, nemvelo yethu embi kubulewe impela. Yikho okudala ngokwesahlulelo esinamandla sikaNkulunkulu. Kuluhlangothi kuphela lohlamvu lwemali, noma lwakho okwenzekile. Uhlangothi olunye lungcono kakhulu, ngokuba lona luyasambulela ukuthi sizelwe ngokusha ngawo umbhaphathizo, sidaliwe ngokusha nguNkulunkulu ngomsebenzi omusha wokudala, siphilwe ukuzalwa ngokusha ngomusa kaNkulunkulu ngokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristu. Yikho okubulalayo isono kithi. Ngesinqumo sikaNkulunkulu senziwe ukuba sibe ngabalungileyo, ukuphila kwakhe kugobhoze emathanjeni emsimbeni wethu ukuba siphile kuKristu, singabe sisaphila thina, kodwa uKristu aphile kithi. Kanjalo-ke sekudlulile okwakudala; bheka, sekuvelé okusha. Makubongwe uNkulunkulu osibizele kulokho kuphila okusha ngevangelisi elingcwele leNdodana yakhe uJesu Kristu. Ngakho lokhu iNkosi ngokubangcwelisa abafundi bayo ngentethelelo yezono ibenzile ukuba ibe ngabangcwele. Kanjalo bangabakaNkulunkulu, abomndeni wakhe. Yikho okuma kwethu manje. Makubongwe umusa kaNkulunkulu. Dumisani igama lakhe owenza izimangaliso ngezinsuku zonke ekuphileni kwethu.

Njengaleli neleligatsha linokuphila, uma lisahlanganisiwe nesihlahla, njengalokhu igatsha elaqunywa emnqumweni ongowasendle ngemvelo, lafakelwa emnqumweni omuhle ngokuphambene nemvelo wesizwe sikaNkulunkulu, thina sinokuphila kwethu eNkosini yethu uJesu Kristu. Asiphumeleli ukuzilungisela lutho, kodwa sabelwe konke nguye, siyathethelelwa izono. UJesu uyasetshatha, noma uyasibeletha kanye nobuthakathaka bethu, nokukhala

nobunzima bethu, uyasiphilisa ngothando lwakhe ngenxa yomusa nobubele bakhe, ngokuba uYise unguBaba noNkulunkulu wethu, uyasabela kakhulu imihla ngemihla konke okuswelekayo emzimbeni nasekuphileni kwethu. Singabamukelayo izipho zakhe. Yena unguNkulunkulu, thina singabantu bakhe. Ungumvini owonawona, thina singamatsha. Ngaphandle kweNkosi yethu uJesu asikwazi ukwenza lutho. Ngaphandle kwakhe asilutho nje. Suka kuye. Khona uyakuhlukaniswa nakho konke okuhle, uzoshiyelwa ebumpofini bakho. Ozama ukuzibusa kanjalo, uyaba oshiwe konke okuhle. Uzosinya kuphela, afe kuphela.

Kodwa kusekhona umlayezi othokozisayo. Kwase kuqaleni iNkosi yethu yayingathandi ukuhlukaniswa nathi, yathanda ukuba eduze nathi, nokuba iNkosi ekuphileni kwethu. Yikho ekuthandayo. Kuyinhloso yothando lwayo. Ngakho lokhu yaluka izintambo ukusidonsa, nokusondla, nokusidlisa, nokusiphuzisa ukuba sithole izithelo ezinhle. Yasimisela amasu omusa ngozifaka emsebenzini ngokwakhe ukusifuna, nokuhlanganiswa nathi. Lokhu akwenzeki ngamaviki athile kuphela emnyakeni, ngosuku nangosuku emnyakeni iNkosi iyathanda ukusibuyisela ensimini yaseEdene, sihlangane nayo, noma ezinkonzweni ngesonto, noma emkhulekweni ngezinsuku zonke. Konke kuzogcwaliswa ngokwempela, uma sifinyeleliselwa ekugcineni ekhaya lasezulwini enkazimulweni engapheliyo.

Kuhle ukwazi ukuthi uJesu akenzi lokhu eyedwa, kodwa uYise usebenzelana naye. Naye uyazama ukusilondolozela kuye ukuba sihlale njalo kuye, singahlukani naye. Nguye ongumphathi wensimu yakhe. Uyaphatha kahle insimu nezidalwa zakhe. Kwase kuqaleni wathanda ukusebenzelana neNdodana yakhe emsebenzini wayo. Kwakuyinhloso yakhe kwase kuqaleni, esesidalile. Futhi usikhethile ukuba nathi sisebenzelana naye ngokuba amalungu aphilayo ekerikeni lobuKristu, igazi lempilo yakhe ligobhoze ekerikeni lakhe, igazi elithululwa ngenxa yethu kube intethelelo yezono zethu. Yiyo indlela esiyakufinyeleliswa ngayo ekuphileni okuphakade nasensindisweni eyisibusiso esitholakala njalo kuye ngokukholwa nguye. Khona-ke uYise neNdodana bathuma uMduduzi onguMoya oNgcwele ukusingcwelisa ngamasu omusa ukusilondolozela ekukholweni okwethembayo ukuthi uNkulunkulu wethu ophilayo uyasindisa, nokusihlenga ezonweni, nasekufeni, nasemandleni kaSathane; uyasibalela ukulunga kweNdodana yakhe ngentethelelo yezono zethu zonke ngenxa kaKristu. Uyasiphilisa ngamazwi akhe ngesithembiso sikaNkulunkulu sokuba siqiniselwe ekwazini ukuthi asisahlwa, kodwa siyakuphila, sithethelelwe, nokungcweliselwe ukuthela izithelo ezinhle ukumdumisa, nokumbonga ngezithelo ezilungileyo.

Ungathi uyathanda ukuqinisa konke lokhu, ngoba uyathasisela ngokuthembisa ukuthi “uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo, nikwenzelwe.” Ngenxa yalesisithembiso siyakhuleka ngentokozo, sithi: Nkulunkulu, Baba othandekayo, mawusabele ukuhlala njalo kuwe, sithembekile ngokubambelela ezwini lakho elingcwele eliyiqiniso namandla okusindisa bonke abakholwayo, futhi mawusisize ukuba sihambe ngokwentando yakho engcwele enomusa, eyintando ethandayo ukuba sabelwe okuhle kuphela, nawomakhelwane bethu kanjalo, ngisho okuhle okusekuKristu Jesu, iNkosi eyodwa, noNkulunkulu ophilayo, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, uNkulunkulu oyedwa, kuze kube phakade. Amen.

**9. Thapelo:** Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla-onke, njengalokhu uguqula umhlaba ngomnyaka nomnyaka, uthanda ukwenza okusha konke okubanziwe yisono nokufa. Sesiycla kuwe ukuba usisize ukuqonda ukuthi ngokuvuka kweNdodana yakho uyasabela ukuphila kweqiniso, sibe nesabelo ezulwini elisha, nasezweni elisha ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu, ophila kanye nawe noMoya oNgcwele, manje, kuze kube phakade. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 15/26

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. P. P. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.